basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

UMnyango Wezemfundo Eyisisekelo

IMANUWALI YE-PAIA NE-POPIA

NgokweSahluko

soMthetho Wokufinyeleleka Kolwazi wonyaka we-2000 (uMthetho wesi-2 we-2000) (i-PAIA)

futhi

Nokufeza izidingo soMthetho Wokuvikelwa Kolwazi Lomuntu Siqu wonyaka we-2013 (uMthetho wesi-4 wonyaka we-2013) (i-POPIA)

Ishicilelwe nguMnyango Wezemfundo Eyisisekelo
Sol Plaatje House
222 Struben Street
Pretoria

Private Bag X895
Pretoria

Copyright © The Department of Basic Education of South Africa

Amakhophi alokhu kushicilelwa angatholakala
UPhilko: UkuXhumana Nabezokusakaza kanye nokuXhumana Kuzwelonke Nezifundazwe,
UMnyango Wezemfundo Eyisisekelo, e-Pretoria.
Ucingo: 012 357 3757
Ifeksi: 012 326 1055

Website: http://www.education.gov.za

ITHEBULA LOKUQUKETHWE

1. Isingeniso 4
2. INhlosombono, intshisekelo kanye namagugu oMnyango Wezemfundo Eyisisekelo(i-DBE) 4
3. Imisebenzi nokwakheka kwe-DBE 5
   - 3.1. Imisebenzi ye-DBE 5
   - 3.2. Okwenziwayo okuwuhlaka lemisebenzi 5
   - 3.3. Ukwakheka kwe-DBE 7
     - 3.3.1. IGatsha A: Ezezimali Nokuphathwa 7
     - 3.3.2. IGatsha C: Inqubomgomo, Ukusekelwa Nokuqashwa Kohlelo Lwezifundo 7
     - 3.3.3. Iyunithi Yokuhlela Nokuqashwa Kokwethulwa 8
     - 3.3.4. IGatsha P: Ukuhlela, Ulwazi Nokuhlola 8
     - 3.3.5. IGatsha S: Ukuvuselelwa Komphakathi kanye Nezinsizakalo Zokusekela 8
     - 3.3.6. IGatsha R: Isu, Ucwaningo Nokuxhumana 9
     - 3.3.7. IGatsha T: Othisha, Ezabasebenzi Kwezemfundo Nokuthuthukiswa Kwezikhungo 10
     - 3.3.8. I-NEEDU 10
4. Imininingwane yokuxhumana ye-DBE 10
5. Umhlahlandlela ngokuthi usetshenziswa kanjani uMthetho 11
6. Ukufinyeleleka kumarekhodi agcinwe yi-DBE 11
   - 6.1. Ukudalula okuzenzakalelayo 11
   - 6.2 Ukuchazwa kwamaRekhodi Nezigaba Zamarekhodi Agcinwe yi-DBE**Error! Bookmark not defined.**
   - 6.3. Inkambiso yezicelo 165
7. Ukulungiselela okuvumela ukubamba iqhaza komphakathi ekwenziweni kwenqubomgomo nokusetshenziswa kwamandla 17
8. Izixazululo Ezikhona uma imibandela yalo Mthetho ingatholwa 16
9. Ukusetshenzwa Kolwazi Lomuntu Siqu 19
   - 9.1. Inhloso Yokucubungula 19
   - 9.2. Izigaba zeZihloko Zemininingo kanye Nolwazi Lwazo Lomuntu Siqu 20
   - 9.3. Izigaba Zabamukeli Bokucubungulwa kolwazi Lomuntu Siqu 23
   - 9.4. Ukuhamba Okuhleliwe Okunqamula Imingcele Kolwazi Lomuntu Siqu 23
   - 9.5. Izindlela Zokuvikela Ulwazi (isahluko se-19 soMthetho wePOPI) 23
   - 9.6. Ukudalulwa Kolwazi Lomuntu Siqu 24
10. Amalungelo Ezihloko Zemininingo 24
    - 10.1. Ilungelo lokufinyeleleka kolwazo lomuntu siqu (isahluko sama-23 soMthetho we-POPI) 24

10.2. Ilungelo lokuthi ulwazi lomuntu siqu lilungiswe noma lucishwe (isahluko sama-24 soMthetho we-POPI) 25
10.3. Ilungelo lokuphikisa ukusetshenzwa kolwazi lomuntu siqu 25
10.4. Ilungelo lokuphikisa intengiso eqondile 25
10.5. Ilungelo lokwaziswa (isahluko se-18 nesama-22 soMthetho we-POPI) 25
10.6. Ilungelo lokukhalaza kuMlawuli Wolwazi 25
11. Ukufakwa kolwazi olusha kumanuwali 25
12. Ukutholakala kwemanuwali 26
ISIXHUMELO A: Izimali ezikhokhwayo ezimisiwe 27
ISIXHUMELO B: uFomu A: Isicelo Sokufinyeleleka Kwirekhodi Lohlaka Lukahulumeni 29
ISIXHUMELO C: uFomu B: Isaziso Ngesikhalazo Sangaphakathi 33

1. Isingeniso

Umthetho Wokukhuthazwa Kokufinyeleleka Kolwazi wonyaka we-2000 (uMthetho wesi-2 wonyaka we-2000) (i-PAIA), osuka kwisahluko sama-32 soMthethosisekelo waseRiphabhuliki yaseNingizimu Afrika wonyaka we-1996, (uMthethosisekelo) wenza kusebenze ilungelo lomthethosisekelo lokufinyeleleka kunanoma iluphi ulwazi olugcinwe uMbuso kanye nanoma iluphi ulwazi olugcinwe ngomunye umuntu futhi oludingekayo ukuze kusetshenziswe noma kuvikelwe nanoma imaphi amalungelo.

Isahluko sama-32(1)(a) soMthethosisekelo sigxilisa ilungelo lawo wonke umuntu lokuthola ukufinyeleleka kunanoma yiluphi ulwazi olugcinwe ngumbuso.

Inhloso ye-PAIA ikabili:

1. Ukugxilisa isiko lokungafihli lutho kanye nokuziphendulela ezinhlakeni zikahulumeni nezangasese ngokwenza ukuba kusebenze ilungelo lokufinyeleleka kolwazi; futhi
2. ukukhuthaza ngokubonakalayo umphakathi lapho abantu baseNingizimu Afrika benokufinyeleleka ngempumelelo kolwazi ukuze bakwazi ukusebenzisa nokuvikela wonke amalungelo abo ngokuphelele.

Ngaphambi komhla zi-27 Ephreli 1994, uhlelo lukahulumeni ezweni lwaholela esikweni eliyimfihlo, elingaphenduli ezinhlakeni zomphakathi nezangasese, okwakuvama ukuholela ekusetshenzisweni kabi kwamandla kanye nasekuphulweni kwamalungelo esintu.

I-PAIA yaqala ukusebenza mhla zi-9 Mashi 2001.

2. INhlosombono, intshisekelo kanye namagugu oMnyango Wezemfundo Eyisisekelo(i-DBE)

Inhlosombono

Inhlosombono yethu ngeyeNingizimu Afrika lapho bonke abantu bethu bezokwazi ukufinyeleleka kumathuba okufunda impilo yonke, amathuba emfundo nokuqeqeshwa azobuye abe neqhaza ekwenzeni ngcono izinga lempilo kanye nokwakhiwa kweNingizimu Afrika enokuthula, echumayo neyentando yeningi.

Intshisekelo

Ngokusebenzisana nezifundazwe, inhlosombono yethu ukuhlinzeka ngemfundo esezingeni elifanele futhi esezingeni eliphezulu kuleli khuluminyaka lama-21.

Amagugu

Ukubeka intshisekelo yezingane zethu kuqala, uMnyango ubambelela kula magugu alandelayo:

- **Abantu:** Ukugcina uMthethosisekelo, ukuphendula kuhulumeni nakubantu baseNingizimu Afrika.

- **Ukwenza kahle kakhulu:** Ukugcina amazinga aphezulu okusebenza nokusebenza ngobungcweti ngokuhlosa ukwenza kahle kukho konke esikwenzayo, kubandakanya ukungenzeleli, ukwenza ngenkambiso enhle nokuthembeka kukho konke esikwenzayo.
- **Ukusebenza njengeqembu:** Ukubambisana nabanye kanye nabalingani bethu kwezemfundo ngendlela evulelekile nexhasanayo yokufeza izinhloso ezabelwanayo.
- **Ukufunda:** Ukwakha inhlangano yokufunda lapho amalungu abasebenzi efuna futhi abelane ngolwazi nemininingwane, ngenkathi bezibophezela ekukhuleni komuntu siqu.
- **Ukwenza okusha:** Ukulwela ukubhekana nezidingo zokuqeqeshwa zosizo olusezingeni eliphakeme nokufuna izindlela zokufeza izinhloso zethu.

3. Imisebenzi nokwakheka kwe-DBE

3.1. Imisebenzi ye-DBE

Imisebenzi esemqoka ye-DBE njengohlaka lukahulumeni ukwakha nokugcina uhlelo lwezemfundo. Ngakho-ke i-DBE inesibopho sokwakha inqubomgomo kanye nohlaka lomthetho lapho uhlelo lwezemfundo luncike khona, ukuze kuqinisekiswe –

(1) ukuthi wonke amazinga ohlelo abambelela kulezi zinqubomgomo kanye nemithetho;
(2) ukuthi izindlela zokuqapha nokwenza ngcono ikhwalithi ohlelweni zikhona; futhi
(3) ukuthi uhlelo luhambisana nokwenzekayo ezinhlelweni zemfundo.

3.2. Okwenziwayo okuwuhlaka lemisebenzi

(1) UCWANINGO NOKUBUYEKEZWA KWENQUBOMGOMO

I-DBE iqala, ithumele, ihlole, ibukeze futhi icwaninge zonke izici zohlelo lwezemfundo ukusiza ekwakhiweni nasekugcinweni uhlelo.

(2) UKUHLELA NOKUWAKHIWA KWENQUBOMGOMO

I-DBE iqala futhi ilawule izinqubo eziholela ekwakhiweni kwenqubomgomo neqoqomthetho zokusiza uNgqongqoshe ekutholeni inqubomgomo, imigomo namazinga njengoba kudingwa nguMthethosisekelo.

(3) UKUSEKELWA

I-DBE inikeza ukwesekwa ezifundazweni ekusebenziseni kwazo inqubomgomo, imigomo namazinga kazwelonke.

(4) UKUQAPHA NOKUHLOLA

I-DBE iqapha futhi ibike ngokusetshenziswa kwenqubomgomo, imigomo namazinga okuhlola umthelela wayo ezingeni lenqubo yezemfundo, kanye nokuphawula izikhala zenqubomgomo.

(5) UKUGUNYAZWA KWEQOQOMTHETHO NOKUNYE

Izinqubomgomo eziningi seziqalisiwe ukusebenza, futhi kumenyezelwe neqoqomthetho, ukuze kwakhiwe uhlaka lwezinguquko kwezemfundo. Lezi zinqubomgomo ezilandelayo kanye nemithetho kulawula ezemfundo (ngaphandle koMthethosisekelo, zonke izinto ezishiwo ngezansi zivela e-DBE):

(a) UMthethosisekelo udinga ukuthi imfundo iguqulwe futhi iphathwe ngentando yeningi ngokuhambisana namagugu esithunzi somuntu, ukulingana, amalungelo esintu nenkululeko, ukungabandlululi ngokobuhlanga nangokobulili. Uqinisekisa ukufinyeleleka kwimfundo eyisisekelo yabo bonke abantu: “wonke umuntu unelungelo lemfundo eyisisekelo, kubandakanya nemfundo eyisisekelo yabantu abadala”.

(b) Uhlaka oluyisisekelo lwenqubomgomo lweHhovisi Likangqongqoshe loMnyango Wezemfundo Eyisisekelo luchazwe eMthethweni Odingidwayo weHhovisi Likangqongqoshe loMnyango, Wezemfundo Nokuqeqesha weNingizimu Afrika: Izinyathelo Zokuqala Zokwenza Uhlelo Olusha (Februwari 1995). Uhlaka lwenqubomgomo yezemfundo lwe-ANC lonyaka we-1994 lakha isisekelo salo mbhalo. IKhabhinethi yakwamukela ngemuva kokubonisana okunzulu, ukuxoxisana kanye nokubuyekezwa. Kusukela lapho isebenze njengokubukwa kukho okusiyisisekelo kwenqubomgomo neqoqomthetho.

(c) UMthetho Wenqubomgomo Kazwelonke Yezemfundo wonyaka we-1996 (uMthetho wama-27 wonyaka we-1996) (i-NEPA), wawakhellwe ukubhala izinqubomgomo zomthetho, kanye nemisebenzi nokuqapha yeqoqomthetho kaNgqongqoshe Wezemfundo Eyisisekelo, kanye nokwenza ubudlelwano obuhle phakathi kukazwelonke kanye neziphathimandla zezifundazwe. Wabeka isisekelo sokusungulwa koMkhandlu Wongqongqoshe Bezemfundo (i-CEM) kanye neKomidi Lezinhloko Zeminyango Yezemfundo (i-HEDCOM) njengezithangami zeminyango kahulumeni ehlose ukusebenzisana ekwakheni uhlelo olusha lwezemfundo. Ngakho-ke, uhlinzekela ukwakhiwa kwezinqubomgomo zikazwelonke jikelele kanye nemfundo eqhubekayo nokuqeqeshwa maqondana, phakathi kokunye, nohlelo lwezifundo, ukuhlolwa nolimi.

(d) UMthetho Wezikole WaseNingizimu Afrika wonyaka we-1996 (uMthetho wama-84 wonyaka we-1996) (i-SASA), ukhuthaza ukufinyeleleka, ikhwalithi kanye nokuphatha ngentando yeningi ohlelweni lwezikole. Uqinisekisa ukuthi bonke abafundi bayakwazi ukufinyeleleka emfundweni esezingeni eliphakeme ngaphandle kokubandlululwa, futhi yenza ukuthi ukufunda kube yimpoqo ezinganeni ezineminyaka eyisikhombisa ukuya kweyi-15 ubudala. Uhlinzekekela izikole ezizimele nezikole zikahulumeni. Uhlinzekela imigwamanda engamele izikole yentando yeningi (ama-SGB), futhi ama-SGB aseyasebenza ezikoleni zikahulumeni ezweni lonke. Imigomo yokuxhaswa ngezimali kwezikole, echazwe kwi-SASA, ibeka eqhulwini ukulungiswa nokuqonsa ebuphofini maqondana nokwabiwa kwezimali zohlelo lwezikole zikahulumeni.

(e) Ukwehlukahlukana okuphelele kweqoqomthetho, kubandakanya uMthetho Wokuqashwa Kothisha wonyaka we-1998 (uMthetho wama-76 wonyaka we-1998), ulawula izibopho zobungcweti, zokuziphatha nezenkambiso enhle yothisha kanye nezidingo zamakhono ezisebenza kothisha. Umbutho ohlukaniswe ngokomlando manje usunganyelwe nguMthetho owodwa wePhalamende kanye nomkhandlu owodwa wobungcweti, uMkhandlu Wabafundisi BaseNingizimu Afrika (i-SACE).

(f) I-CAPS (Izitatimende Zenqubomgomo Yokuhlola Uhlelo Lwezifundo) uhlelo olulodwa lwezifundo, oluphelele futhi nolufushane olumele isitatimende

senqubomgomo yokufunda nokufundisa ezikoleni zaseNingizimu Afrika. UHlelo Lwezifund olusekela izinhlelo ezahlukahlukene ezilandelwa ebangeni ngalinye, kusukela eBangeni R kuye eBangeni le-12, nokuyilapho-ke, olusekelwa yile migomo elandelayo:

(i) Inguquko kwezenhlalo;
(ii) ukucabanga ujule nokubonakalayo;
(iii) ulwazi oluphakeme namakhono aphezulu;
(iv) ukuqhubeka;
(v) ukuhlonishwa kwamalungelo esintu kanye nezinhlelo zolwazi lwendabuko;
(vi) ukwethembeka;
(vii) ikhwalithi nokusebenza kahle; futhi
(viii) ukuhlinzekwa kwemfundo, esezingeni eliphezulu, ububanzi nokujula, engaqhathaniswa nemfundo enikezwa kwamanye amazwe.

3.3. Ukwakheka kwe-DBE

I-DBE ihlukaniswe izahluko ezibizwa ngokuthi "aMagatsha". Igatsha ngalinye, eliholwa yiphini lomqondisi-jikelele, liphinde lahlukaniswa laba yizimpiko ezinkulu. Izimpiko ezinkulu nazo zihlukaniswe zaba imikhakha eminingi, nayo, ehlukaniswe yaba izimpikwan ezinncane. I-DBE futhi inesahluko esisodwa esibizwa ngeyunithi, hhayi igatsha.

UMnyango unamagatsha ayisishiyagalombili, njengoba kukhonjisiwe ngezansi:

3.3.1. IGatsha A: Ezezimali Nokuphathwa

Linikeza ukusekelwa kwezokuphatha e-DBE.

IMISEBENZI:

(a) Ukuhlinzeka ngokuqashwa kwabasebenzi kanye nezinsiza zezabasebenzi.
(b) Ukuhlinzeka ukwesekwa kwe-HR ezifundazweni.
(c) Ukuhlinzeka ngezinsizakalo ezehlukahlukene ehhovisi likaNgqongqoshe.
(d) Ukuhlinzeka ngezinsizakalo zomthetho nezeqoqomthetho.
(e) Ukunakekela ukuqeqeshwa kwabasebenzi kanye nobudlelwano babasebenzi.
(f) Ukubhekana nemidanti yobudlelwano babasebenzi.
(g) Ukunikeza ukusekelwa koBuchwepheshe Bolwazi nge-GITO.
(h) Ukuhlinzeka ngezinsizakalo zokusebenza.
(i) Ukuhlinzeka ngezinsizakalo zezezimali ngehhovisi leSikhulu Esiphezulu Kwezezimali.

3.3.2. IGatsha C: Inqubomgomo, Ukusekelwa Nokuqashwa Kohlelo Lwezifundo

Lakha inqubomgomo yohlelo lwezifundo nokuhlola kanye nokusekela, futhi luqapha futhi luhlole ukusetshenziswa kohlelo lwezifundo. Ukusekelwa ngUmalusi.

IMISEBENZI:

(a) Ukwakha inqubomgomo yohlelo lwezifundo lweBanga R ukuya kwele-12, kubandakanya neleMfundo Yezidingo Ezikhethekile.
(b) Ukuqalisa inqubomgomo kanye nokugcina ikharikhulamu yamaBanga R ukuya kwele-12, kubandakanya neleMfundo Yezidingo Ezikhethekile, ukwenza ngcono ukufunda nokufundisa.
(c) Ukuhlinzekela ukwesekelwa kwenqubomgomo yamaphrojekhthi ahlukahlukene, kubandakanya i-Foundations for Learning, i-Dinaledi, ama-ICT, i-NSLA ne-QIDS UP.
(d) Ukuqhuba i-Kha Ri Gude Literacy Project.

3.3.3. Iyunithi Yokuhlela Nokuqashwa Kokwethulwa

Isiza iHhovisi Likangqongqoshe kanye ne-DBE ukufeza izinhloso ezibalulekile.

IMISEBENZI:

(a) Isiza iHhovisi Likangqongqoshe kanye ne-DBE ukufeza izinhloso ezibalulekile ngokuphawula nokulungisa izindawo ezikhethiwe zezinselelo.
(b) Ukuhola nokuphatha ithimba lochwepheshe abasezingeni eliphezulu ukubhekana nezinselelo ezikhethiwe ukuze kwethulwe imfundo eyimpumelelo.
(c) Ukuqinisa ukubamba iqhaza kwalabo okusetshenziswana nabo ekwenzeni ngcono ikhwalithi yemiphumela yezemfundo ngokusungulwa kwezinhlaka ezisebenzayo ze-QLTC kuwo wonke amazinga ohlelo.

3.3.4. IGatsha P: Ukuhlela, Ulwazi Nokuhlola

Likhuthaza ukwethulwa kwezidingo ezisezingeni elifanele kanye nosizo olusebenzayo ohlelweni lwemfundo eyisisekelo ngokuhlela ukusetshenziswa nokuhlola. Ukusekelwa yi-NEEDU.

IMISEBENZI:

(a) Ukuphatha ukuqapha nokuhlola ngocwaningo, ukuhlolwa okuhleliwe, ukuhlolwa kukazwelonke, ukuhlolwa kwamazwe omhlaba kanye nokuhlolwa kukazwelonke.
(b) Ukuphatha ukuhlelwa kwemithombo yemfundo eyisisekelo yezezimali nebonakalayo.
(c) Ukuphatha izinhlelo zokuphathwa kolwazi emkhakheni wezemfundo eyisisekelo.

3.3.5. IGatsha S: Ukuvuselelwa Komphakathi kanye Nezinsizakalo Zokusekela

Ligqugquzela yonke imikhakha yomphakathi ukweseka imfundo eyisisekelo futhi lisiza ukuhlinzekwa kwezinhlelo zokunothisa ngentuthuko ephelele nenhlalakahle yabo bonke abafundi.

IMISEBENZI:

(a) Ukukhuthaza ubudlelwano phakathi kukahulumeni nabazimele, kanye nokusebenzisana nama-NGO, ukuze kuqinisekiswe ukuthi umphakathi ubamba iqhaza ekwenzeni imfundo eyikwalithi kuzo zonke izikole zikahulumeni.

(b) Ukukhuthazaa ukuya ezikoleni nokuphumelela kwabafundi abasengozini ngokubanikeza ukudla okunomsoco ngosuku nosuku lwesikole.

(c) Ukwakha izindawo eziphephile zokufundisa nokufunda kuzo zonke izikole zikahulumeni.

(d) Ukufaka isandla ekugcinweni kwabafundi ngokwandisa inani lezikole ezibamba iqhaza kokwenziwayo kwezemidlalo yezikole okuhleleke kahle nasezinhlelweni zokufundisa umculo.

(e) Ukwenza kube lula ukuphawula nokwelashwa kwezithiyo zezempilo ekufundeni.

(f) Ukwenza ngcono ukusebenza kwabafundi nokugcina abafundi ngokweseka izigungu ezingamela izikole nezinhlelo zokuqeqesha othisha ukuze kukhuthazwe amalungelo esintu, ukwehlukahlukana nobumbano lomphakathi, ngaleyo ndlela kube lula ukufundwa okuncomekayo kanye nokwehla kwenani labashiya ezikoleni.

(g) Ukwenza ngcono ukulingana ngokobulili ezikoleni.

(h) Ukwandisa ulwazi lwezempilo lwezocansi nokuzalana, amakhono nokwenza izinqumo phakathi kwabafundi, othisha kanye nabasebenzi abeseka isikole.

(i) Ukukhuthaza inhlalakahle yengqondo kanye nokwenza lula ukutholakala kwezinsizakalo zengqondo ezikoleni.

(j) Ukugqugquzela imiphakathi nabo bonke okusetshenziswana nabo bomphakathi ukuba baxhase ukutholakala kwemfundo eyikhwalithi.

3.3.6. IGatsha R: Isu, Ucwaningo Nokuxhumana

Lisekela ukuhleleka kanye nokuqaliswa kwezinhlelo zokusebenza zomnyango, zemikhakha kanye nezamaqoqo.

IMISEBENZI:

(a) Ukuqaphela ukusetshenziswa kwezinhlelo namaphulo omnyango.

(b) Ukuphatha ukusebenzisana namaqoqo ka-DG, iPhalamende kanye neKhabhinethi.

(c) Ukwenza ukuhlelwa kwamasu nokubika okuphathelene nohlelo lukaHulumeni lokusebenza.

(d) Izinsizakalo zokusebenzisana zikaNgqongqoshe, iPhalamende, i-CEM, i-HEDCOM, Abaphathi Abakhulu kanye Nezokuphathwa Okubanzi.

(e) Ukuphatha, ukuqapha nokubika kwabanikela ngezimali kanye noxhaso lwezibonelelo.

(f) Ukuqapha nokubika ngokusebenza konke kohlelo lwezemfundo ngokusebenzisa okwenziwayo kokuhlaziya, kocwaningo, kokuqapha nokokuhlola.

3.3.7. IGatsha T: Othisha, Ezabasebenzi Kwezemfundo Nokuthuthukiswa Kwezikhungo

Lithuthukisa ukufundisa okuyikhwalithi nokusebenza kwezikhungo okuyikhwathi ngokunikezela ngempumelelo, ukuthuthukisa kanye nokusetshenziswa kwabasebenzi ngokubambisana ne-ETDP SETA, i-ELRC ne-SACE.

IMISEBENZI:

(a) Ukubhekana nokuhlelwa kwezabasebenzi, kubandakanya i-HRMIS nokuphtha kwe-HR.
(b) Ukuphatha ukuhlinzekwa kwezikhundla zemisebenzi yezikole ezweni.
(c) Ukuphatha ukuqashwa kothisha, ukufakwa emsebenzi, ukuthunyelwa nokusetshenziswa okubandakanya i-Funza Lushaka.
(d) Ukusekela othisha ngokusebenzisa ukuThuthukiswa Okuqhubekayo Komsebenzi Wothisha kanye nokuThuthukiswa Kokuphathwa Kwesikole.
(e) Ukuqapha nokusekela ukuPhathwa Kokusebenza Kothisha nokuhlolwa kwezikole.
(f) Ukuphatha kanye nokwenza lula ukuhlinzekwa kokuxoxisana ngokuhlanganyela komkhakha

3.3.8. I-NEEDU

Inhlosombono yoPhikoLukazwelonke Lokuhlolwa Nokuthuthukiswa Kwezemfundo ukuze kwenziwe lula ukuthuthukiswa kwezikole ngokuhlola okuhlelekile. Lokhu kuzokwenza lokhu, phakathi kokunye, ukuphawula izici ezivimbela ukwenziwa ngcono kwesikole kanye nokuqhubekisela phambili ukuthuthukiswa kwesikole.

Izophinda futhi ihlole ukuthi i-DBE kanye nama-PDE aqapha izikole; i-DBE kanye nama-PDE azisekela kanjani izikole; kanye nekhwalithi yobuholi, yokufundisa nokufunda ezikoleni.

Izophinda futhi yenze iziphakamiso zokwenza ngcono izinga lesikole futhi izoshicilela imibiko ngesimo sohlelo lwezemfundo.

Iqoqomthetho elimayelana ne-NEEDU njengamanje lisasetshenzwa. Uma inqubo isiphothuliwe futhi i-NEEDU iba ngumgwamanda osemthethweni ngokuphelele, ngeke isavela ohlakeni lokwakheka kwe-DBE.

4. Imiyingwane yokuxhumana ye-DBE

UMgcinilwazi
UMnu HM Mweli, Director-General Mweli.M@dbe.gov.za

USekela-Mgcinilwazi

UMmeli. Shalili D Misser, uMqondisi Omkhulu: iZinsizakalo Zomthetho Neqoqomthetho

Misser.S@dbe.gov.za

Ulwazi lokuxhumana jikelele

Ikheli lendawo
Sol Plaatje House
222 Struben Street
Pretoria
0001

Ikheli leposi
Private Bag X895
Pretoria
0001

Ucingo: +27 12 357 3000 I-webhusayithi https://www.education.gov.za

5. Umhlahlandlela ngokuthi usetshenziswa kanjani uMthetho

Ngokwesahluko se-10 se-PAIA, i-SAHRC idingeka ukuba yakhe umhlahlandlela, ngolimi ngalunye olusemthethweni, oqukethe lolo lwazi, ngendlela ezwakala kalula, njengoba kungadingeka kumuntu ofisa ukusebenzisa amalungelo akhe ngokwe-PAIA. Njengoba kukhonjisiwe ngenhla, lo mhlahlandlela uzosiza umuntu ofisa ukusebenzisa ilungelo ngokwe-PAIA, kanti inhloso yeManuwali ukusiza umuntu ofisa ukuthola ukufinyeleleka kolwazi olugcinwe uhlaka lukahulumeni ngendlela efanele nangendlela eyimpumelelo. Umhlahlandlela wokuthi ungayisebenzisa kanjani i-PAIA uyatholakala kwa-SAHRC. Imibuzo ingabhekisiwa kwa-SAHRC kuleli kheli:

IKhomishane yaseNingizimu Afrika Yamalungelo EsiNtu: UPhiko lwe-PAIA
Umnyango Wezocwaningo Nemibhalo

Ikheli leposi:
Private Bag 2700
Houghton
2041

Ucingo: +27 11 877 3600 Ifeksi: +27 11 484 1360
I-imeyili: PAIA@sahrc.org.za i-Webhusayithi: www.sahrc.org.za

6. Ukufinyeleleka kumarekhodi agcinwe yi-DBE

6.1. Ukudalula okuzenzakalelayo

I-DBE minyaka yonke ishicilela kwiGazethi Kahulumeni uhlu lwezigaba zamarekhodi atholakala ngokuzenzakalela (okungukuthi, amarekhodi angatholakala ngaphandle kwesidingo sokulandela inqubo yesicelo se-PAIA), njengoba isahluko se-15(2) soMthetho

sidinga. Amarekhodi ahlukahlukene, imibiko kanye nemibhalo kungatholakala kuwebhusayithi ye-DBE (https://www.education.gov.za).

6.2. Incazelo Yamarekhodi Nezigaba Zamarekhodi agcinwe yi-DBE

(1) AMAREKHODI EGATSHA A: UPHIKO LABASEBENZI:

(a) Ukuhlelwa Kwezabasebenzi, Ukuqashwa Nokuphathwa Kokusebenza
(b) Ukuthuthukiswa Kwabasebenzi
(c) Inguquko Nokuphathwa Kwendawo Yokusebenza
(d) Ukuthuthukiswa Kwenhlangano, ukuBekwa Ngamazinga Komsebenzi kanye nokuHlelwa Kwenhlangano Yombuso Okukhulu
(e) Umholo, Izimo Zokusebenza kanye neZinhlelo Zabasebenzi
(f) Izingxoxiswo, Ezabasebenzi kanye Nokuphathwa Kwezingxabano

(2) AMAREKHODI AGCINWE YIGATSHA A: UPHIKO LWEZEZIMALI:

(a) Izilinganiso zezindleko zikazwelonke (isabelozimali esethulwe ePhalamende minyaka yonke nguNgqongqoshe Wezezimali) kanye nesabelozimali se-DBE. Kutholakala oPhikweni Lwezokuxhumana, uMgcinimafa Kazwelonke, Private Bag X115, Pretoria 0001, ucingo: 012 315 5948. Kuyatholakala naku:- www.treasury.gov.za.
(b) Umbiko wonyaka we-DBE: Lokhu kubandakanya izitatimende zezimali ze-DBE nombiko wokucwaningomabhuku ngalezi zitatimende, kanye nombiko wabaphathi.
(c) Jikelele: Olunye ulwazi oluningiliziwe lwezezimali, njengezindleko maqondana nephrojekhthi ethile.

(3) AMAREKHODI AGCIWE YIGATSHA A: IHHOVISI LOKUGCINWA KWEMIBHALO:

IHHOVISI LOKUGCINWA KWEMIBHALO LINGUMGCINI WAWO WONKE AMAREKHODI AVAMILE ENZIWE FUTHI ATHOLWE YI-DBE (IZINCWADI NEMIBHALO), LIGCINA ONKE ASOHLELWENI LOKUFAYILA OLUBEKWE NGEZIGABA NGOKWENZIWA E-DBE. UCHUNGECHUNGE NGALUNYE OLUKHONA OLUYI-15 OLUKHONA LUNEFAYELA LENQUBOMGOMO NEMIBUZO EJWAYELEKILE. UHLELO LOKUFAYILA NJENGAMANJE LAKHIWE UCHUNGECHUNGE OLUKHULU OLUYI-15, KODWA LE NOMBOLO INGAKHUPHUKA NJENGOBA I-DBE IKHULA. AMAREKHODI ALANDELAYO AGCINWA YIHHOVISI JIKELELE LOKUGCINWA KWEMIBHALO:

(a) Iqoqomthetho
(b) Imidanti yomthetho
(c) Ukuhlela nokulawula
(d) Ukuphathwa kwezezimali
(e) Ukucwaningomabhuku lwangaphakathi nokucwaningomabhuku lwangaphandle

(f) Ukuphathwa nokuthuthukiswa kwabasebenzi
(g) Izinsizakalo Zokusekela Inhlangano
(h) Ubuchwepheshe bolwazi nezinsizakalo zolwazi
(i) Ukuxhumana, ukuhlela nokuzithengisa
(j) Ukuhlela kuzwelonke/kuzifundazwe kanye nobudlelwano bamazwe omhlaba
(k) Ukusetshenziswa nokuqashwa kohlelo lwezifundo
(l) Ukuthuthukiswa kwekhwalithi
(m) Ukufundiswa kothisha,Ukuthuthukiswa kwe-HR nezikhungo
(n) Ukuhlela, ukuhlola, ukuqapha kanye nokubuyekeza
(o) Ukuzibophezela emphakathini kanye nezinsizakalo zokusekela

(4) AMAREKHODI APHETHWE YIGATSHA A: IGATSHA LOMQONDISI OMKHULU WEZOMTHETHO NEQOQOMTHETHO:

(a) Izivumelwano Zezomthetho (Izivumelwano, Imemorandamu Yokuqonda, Izivumelwano Zezinga Lensizakalo kanye Nezivumelwano Zamazwe Omhlaba)
(b) Amarekhodi enkantolo
(c) Iqoqomthetho eliphethwe yi-DBE (elokuqala nelesibili)
(d) Amarekhodi e-PAIA

(5) AMAREKHODI AGCINWE YIGATSHA P: IGATSHA LEZIVIVINYO NOKUHLOLWA

(a) Izinqubomgomo, izimiso kanye nemihlahlandlela ephathelene nokuhlolwa.
(b) Hlela amaphepha ezivivinyo zikazwelonke ze-SC ne-NSC (zalo nyaka kanye neminyaka edlule).
(c) Imininingwane yabafundi abazohlolwa – imininingwane yabafundi abazobe bebhala izivivinyo zamanje.
(d) Amamaki atholwe ngabafundi ekuhlolweni kwamanje nasezivivinyweni zangaphambilini, esifundweni ngasinye, ephepheni ngalinye.
(e) Imiphumela yokuhlolwa yokugcina yabo bonke abafundi; le miphumela ifaka amamaki angenziwanga lutho kanye namamaki alungisiwe.
(f) Imininingo yokukhishwa kwezitifiketi, ifaka phakathi imininingo yabo bonke abazonikwa izitifiketi ezivivinyweni ze-SC neze-NSC (zamanje nezisukela emuva ngonyaka we-1920 eminyangweni yezemfundo yangaphambili.
(g) Izibalo ezijwayelekile zokuhlolwa okuphathelene nokusebenza kwabafundi kuzwelonke, esifundazweni, ezifundeni nasezingeni lesikole.
(h) Imibiko yokuqapha izinhlelo zokuhlola kanye nenqubo kuma-PED.
(i) Umbiko Wobuchwepheshe ngokusebenza ezivivinyweni ze-NSC.

(6) AMAREKHODI AGCINWE YIGATSHA P: IGATSHA LEZIVIVINYO NOKUHLOLWA

(a) Izivivingo Zokuhlolwa Kukazwelonke Kwaminyaka Yonke (i-ANA) okwenziwa ebangeni loku-1 ukuya kwele-6 nele-9 (ngonyaka we-2011 nangonyaka we-2012).
(b) Imihlahlandlela yokuhlola ye-ANA.
(c) Imiphumela ye-ANA yonyaka we-2011 nowe-2012 (kuzwelonke, esifundazweni, esifundeni, ezikoleni nakubafundi).

(d) Imibiko Yezobuchwepheshe ye-ANA yonyaka we-2011 nowe-2012.
(e) Ukuhlolwa okuyisibonelo kwebanga loku-1 kuye ukuya kwelesi-6 nelesi-9 (ngonyaka we-2011 nangowe-2012).
(f) I-ANA - Imihlahlandlela yokuhumusha nokusetshenziswa kwemiphumela ye-ANA.

(7) AMAREKHODI AGCINWE YIGATSHA P: IZINHELO ZOKUPHATHWA KOLWAZI LWEZEMFUNDO

(a) I-EMIS ihlinzeka ngezibalo zemfundo kuzo zonke izikole zaseNingizimu Afrika (imininingo engenziwanga lutho ngokomthetho olandelwayo) ngokulandelayo:
  (i) Ulwazi olujwayelekile lwesikole: imininingwane yokuxhumana;
  (ii) Ulwazi lwe-ICT yezikole;
  (iii) Ukubhaliswa kwabafundi kuhlukaniswe ngale ndlela elandelayo;
    - ngebanga, ubulili, iqembu labantu; ukufuduka kwezifundazwe; ubuzwe, ulimi lwasekhaya (i-HL); uLimi Lokufundisa Nokufunda (i-LOLT), isifundo esithathiwe
    - Ukubhaliswa kwabafundi abaphila nokukhubazeka;
    - Abafundi abaphinda ibanga;
    - Ukudluliselwa kwelinye ibanga kwabafundi;
    - Abafundi abathola izibonelelo;
    - Ukushona kwabafundi;
    - Abafundi abazali babo asebashona;
    - Ukusebenza komfundi isifundo ngasinye nebanga ngalinye;

(b) Uhlu Olukhulu Olufakwe Ulwazi Olusha Lwezikole eNingizimu Afrika.
(c) Isikhungo sokwenza ucwaningo ezikoleni. Amamojuli afakwa kwiphephambuzo le-EMIS noma oHlelweni Lokulawulwa Nokuphathwa Kwezikole eNingizimu Afrika.
(d) Imibiko yokuhlaziywa kwendawo namabalazwe.
(e) Inqubomgomo Namazinga Emfundo Kazwelonke –
  (i) Isichazamazwi Sezemfundo;
  (ii) Amazinga Ekhwalithi Yemininingo;
  (iii) Amazinga Okufakwa Kwamakhodi Kwemininingo;
  (iv) Amazinga Okuqinisekiswa Kwemininingo;
  (v) Amazinga Okushicilelwa Kwezibalo; kanye
  (vi) Amazinga Ohlu Olukhulu Lwezikhungo Ezihlinzeka Ngezinsizakalo Zemfundo Eyisisekelo.

(8) AMAREKHODI AGCINWE YIGATSHA P: IGATSHA LOKUHLELA OKUBONAKALAYO

(a) Ifayela le-NEIMS eliqukethe uhlobo nesimo sezingqalasizinda zezikoleni.
(b) Amafayela e-EIG aqukethe ulwazi ngokuphathwa nokudluliswa kwesibonelelo.
(c) Ifayela lenqubomgomo, Imigomo Namazinga eliqukethe ulwazi ngeMihlahlandlela ehlobene nokuHlelela Izingqalasizinda Zezikole kanye Nezindawo Zokuhlala.

(9) AMAREKHODI AGCINWE YIGATSHA P: IPHROJEKHTHI YE-ASIDI

(a) Amarekhodi e-ASIDI IPMP aqukethe izinhlelo ze-ASIDI.
(b) Amamemorandamu Esivumelwano asayinwe nama-ejenti abheke ukusetshenziswa.
(c) I-IPIP26 iqukethe izinhlelo zama-ejenti abheke ukusetshenziswa
(d) Imibiko Yenqubekela Phambili iqukethe ulwazi ngokwenziwe esikoleni ngasinye, ngokubonakalayo nangokwezimali.
(e) Amaminithi emihlangano abhala phansi okuqhubekayo kuyo yonke imihlangano ebanjwe ngamakomidi ahlukene e-ASIDI.
(f) Imibiko Yokuvala ibhala phansi imininingwane ngawo onke amaphrojekhthi aqediwe ngokwengqalasizinda ezingenakususwa enikeziwe.

(10) AMAREKHODI AGCINWE YIGATSHA P: UPHIKO LOKUQAPHA ISABELOZIMALI SEZIFUNDAZWE

(a) Imigomo namazinga afakwe kwigazethi okuxhaswa ngezimali.
(b) Isabelozimali nezindleko zenyanga zama-PED.
(c) Imininingo ecelwe yi-UNESCO.

(11) AMAREKHODI AGCINWE YIGATSHA T: IMFUNDO YOKUQALA YOTHISHA, UBUDLELWANO BEZABASEBENZI KANYE NOKUHLELA EZABASEBENZI, UPHIKO LOKUHLINZEKA NGEZIMALI NOKUQAPHA

(a) Izinqubomgomo nemihlahlandlela ephathelene noHlelo Lwemifundaze ye-Funza Lushaka.
(b) Uhlu lwemiklomelo yemifundaze ye-Funza Lushaka
(c) Izivumelwano ezihlanganyelwe ezenziwe e-ELRC
(d) Amaminithi emihlangano yamakomidi amancane e-HR.
(e) Imibiko yokuqapha esifundazweni ngeZinhlelo Zokulawulwa Kokusebenza Kothisha, Ukuthuthukiswa Kwamakhono Nokuhlolwa Kwazo Zonke Izikole.
(f) Ukudanilodwa kwe-PERSAL okwenziwa nyangazonke okuqukethe imininingo ngabasebenzi emkhakheni (i-DBE) nakuyo yonke iMinyango yezifundazwe eyisishiyagalolunye (9)
(g) Idathabhesi Yokubuthwa Kwabasebenzi (i-NRD) equkethe imininingo ngothisha abaqeqeshiwe abangasebenzi abafuna ukuqashwa ezikoleni zikahulumeni.

(12) IWEBHUSAYITHI YE-DBE, HTTPS://WWW.EDUCATION.GOV.ZA IQUKETHE, PHAKATHI KOKUNYE, OLWAZI OLULANDELAYO OTHOLAKALA NGOKUZENZAKALELAYO (OLUDALULWE NGOKUZITHANDELA):

(a) Uhlelo Lokusebenza Lonyaka lwe-DBE
(b) Nanoma iyiphi ezinye izincwadi ezihloselwe ukubukwa ngumphakathi zingashicilelwa
(c) Izincwajana
(d) Amabhrosha
(e) Amaphepha ezivivinyo
(f) Amafomu
(g) Kwezinye izimo, izinto zokuqeqesha uMnyango ozihlinzekayo ngesikhathi semihlangano yokucobelelana ngolwazi
(h) Ulwazi ngezinhlelo ze-DBE

(i) Amapheshana
(j) Iqoqomthetho elishicilelwe yi-DBE
(k) Izinto zentengiso
(l) Imibiko yabezokusakaza
(m) Izitatimende Zohlelo Lwezifundo Kazwelonke kanye nezinye izinto ezihlobene nohlelo lwezifundo
(n) Iziqeshana zezindaba
(o) Izincwajana
(p) Amaphosta
(q) Imibiko, ibandkanya imibiko yonyaka
(r) Izinkulumo
(s) Amasu abalulekile e-DBE

6.3. Inkambiso yezicelo

(1) UKUVUNYWA NOMA UKWENQATSHWA KWESICELO

(a) Umfakisicelo ufanele anikezwe ukufinyeleleka kwirekhodi lohlaka lukahulumeni uma –
  (i) umfaksicelo ehloniphe zonke izidingo zenkambiso eziseMthethweni ezimayelana nesicelo sokufinyeleleka kwirekhodi; futhi
  (ii) nokufinyeleleka kulelo rekhodi akwaliwa nganoma kungasiphi isizathi esishiwo eMthethweni.

(2) UFINYELELEKA KANJANI KWIREKHODI (OLWAZINI)

(a) Umfakisicelo ufanele asebenzise uFomu A ophrintwe kuGazethi Kahulumeni [iSaziso Sikahulumeni esingu-R187 somhla zi-15 Febhuwari 2002]
(b) Umfakisicelo ufanele asho uma isicelo sekhophi yerekhodi noma uma umfakisicelo efuna ukuzifikela mathupha futhi azihlolele yena irekhodi emahhovisi e-DBE. Kokunye, uma irekhodi lingewona umbhalo, lingahlola ngendlela eceliwe, lapho kukhoneka.
(c) Uma umfakisicelo ecela ukufinyeleleka kwirekhodi ngohlobo oluthile, umfakisicelo ufanele afinyeleleke ngendlela eceliwe, ngaphandle uma ukwenze njalo kuzothikameza ngokungafanele ukusebenza kwe-DBE, noma kulimaze irekhodi, noma kunyathele ilungelo lokushicilelwe okungekona okombuso. Uma ngezizathu ezizwakalayo ukufinyeleleka kungeke kwanikezwa ngendlela edingekayo kepha kunganikezwa ngenye indlela, imali ekhokhwayo ifanele ibalwe ngokwendlela eshiwo ekuqaleni esicelweni somfakisicelo.
(d) Uma, ngaphezu kwempendulo ebhalwe phansi yesicelo serekhodi, umfakisicelo efuna ukutshelwa ngesinqumo nganoma iyiphi enye indlela, isib. ngocingo, lokhu kufanele kushiwo.
(e) Uma umfakisicelo ecela ulwazi elucelela omunye umuntu, isikhundla sokuthi isicelo usenza engubani sifanele sishiwo.
(f) Uma umfakisicelo engakwazi ukufunda noma ukubhala, noma enokukhubazeka, angenza isicelo serekhodi ngomlomo. UMgcinilwazi noma

uSekela-Mgcinilwazi ufanele agcwalise ifomu egameni lalowo ofaka isicelo futhi ufanele amnikeze ikhophi.

(g) Ukuthola ulwazi olugcinwe yi-DBE, isicelo sifanele sithunyelwe kuMqondisi-Jikelele, uMnu HM Mweli, kuleli khleli: Mweli.H@dbe.gov.za

(h) Izicelo zifanele zikopishelwe abantu abalandelayo:
UMmeli. Shalili D Misser, uSekela-Mgcinilwazi kuleli kheli:
Misser.S@dbe.gov.za;

.

(3) IMALI EKHOKHELWA ISICELO NOKWAZISWA NGESINQUMO NGOKUFINYELELEKA

(a) Kunezinhlobo ezimbili zezimali okudingeka ukuba zikhokhwe ngokoMthetho: imali yesicelo, kanye nemali yokufinyeleleka.

(b) Umfakisicelo ofuna ukufinyeleleka kwirekhodi eliqukethe ulwazi lomuntu siqu ngaye akudingeki ukuthi akhokhe imali yokufaka isicelo. Umfakisicelo onjengalona ubizwa ngokuthi umfakisicelo siqu. Wonke omunye umfakisicelo ufanele akhokhe imali edingekayo.

(c) UMgcinilwazi/uSekela-Mgcinilwazi uzokwazisa umfakisicelo (ngaphandle komfakisilo siqu) ngenani elizokhokhiselwa isicelo, futhi angadinga ukuthi umfakisicelo akhokhe imali ebekiwe ngaphambi kokuba isicelo sisetshenzwe.

(d) Imali yesicelo ekhokhwa kwi-DBE ama-R35. Uma umfakisicelo engajabuli ngemali ekhokhwayo, angafaka isikhalazo sangaphakathi kwi-DBE noma afake isicelo enkantolo sokuphikisana nokukhokhwa kwemali yesicelo.

(e) Ngemuva kokuba uMgcinilwazi noma uSekela-Mgcinilwazi esethathe isinqumo ngesicelo, umfakisicelo ufanele aziswe ngesinqumo esinjengalesi ngendlela umfakisicelo ayikhethile ukuba aziswe ngayo.

(f) Uma isicelo sivunyiwe, enye imali – imali yokufinyeleleka – ifanele ikhokhelwe ukucinga, nokulungiswa noma ukukhiqizwa kabusha kwerekhodi. Uma kuthatha, noma kuzothatha, isikhathi esingaphezu kwehora ukuqedela le misebenzi, i-DBE ivunyelwe ukukhokhisa, njengengxenye yemali yokufinyeleleka, ama-R15 ngehora ngalinye elisetshenziselwe ukulungisa irekhodi.

(g) Uhlu oluphelele lwezimali ezibekiwe okufanele zikhokhwe lapho kucelwa amarekhodi ohlaka lukahulumeni oluvela kwisiXhumelo A sale Manuwali.

7. Ukulungiselela okuvumela ukubamba iqhaza komphakathi ekwenziweni kwenqubomgomo nokusetshenziswa kwamandla

Imithetho ehlukahlukene kwezemfundo inquma ukuthi ukubonisana kufanele kwenzeke nabantu noma nezinhlangano eziphawuliwe. Kwezinye izimo, izinqubo zokubonisana nazo zinqunyiwe. E-DBE, izinqubomgomo ezisasetshenzwa zishicilelwa kwiGazethi Kahulumeni ukuze kubekwe umbono jikelele ngazo ovela kubo bonke ababambiqhaza kanye nasemphakathini wonkana. Ezimweni zamaphulo aqondiswe kwinqubomgomo, kuzoxoxiswana ngenqubomgomo emihlanganweni nababambiqhaza noma emihlanganweni yokulalalwela komphakathi. Isaziso semihlangano enjengalena noma sokulalelwa okunjengalokhu sizokhishwa kusenesikhathi.

8. Izixazululo ezikhona uma imibandela yalo Mthetho ingalandelwa

Lezi zingubo ezilandelayo zikhona kubantu abafuna ukubika noma ukulungisa izinsolo zokwenza okungalungile, okungafanele noma okungekho emthethweni noma okweqiwa yi-DBE noma omunye wabasebenzi bayo

8.1. izixazululo maqondana nezenzo noma ukwehluleka ukwenza ngokwe-PAIA yonyaka we-2000:

(1) Isiphathimandla sokukhalaza kwangaphakathi (isiphathimandla esifanele) ngenhloso yalo Mthetho nguNgqongqoshe. Umfakisicelo angafaka isikhalazo esebenzisa uFomu B. Ngemuva kokusebenzisa isixazululo sangaphakathi, angafaka isicelo enkantolo (isahluko sama-78 – 82).

(2) Umsebenzi kahulumeni angafaka isikhalazo ukuze kuphenywe yiKhomishani Wezemisebenzi Kahulumeni maqondana nesenzo esisemthethweni noma ukungenzi okuthile (isahluko sama-35 soMthetho Wezemisebenzi Kahulumeni wonyaka we-1994 [isiMemezelo se-103 sonyaka we-1994.

(3) Umuntu angasebenzisa isixazululo sezabasebenzi maqondana nezenzo ezisemthethweni noma ukungenzi kohlobo lwezabasebenzi – okungukuthi, izingxabano zamalungelo (uMthetho Wemisebenzi Kahulumeni wonyaka we-1994, kanye noMthetho Wezobudlelwano Babasebenzi wonyaka we-1995 [uMthetho we-66 wonyaka we-1995]).

(4) Umuntu angafaka isikhalazo kumphenyi wezabasebenzi maqondana nanoma yikuphi ukusolwa kokwephula koMthetho Wezimo Eziyisisekelo Zokusebenza wonyaka we-1997 (uMthetho wama-75 wonyaka we-1997), isahluko sama-78(1)(a), noma uMthetho Wokulingana Emsebenzini we-1998 (uMthetho wama-55 wonyaka we-1998), isahluko sama-34(e).

(5) Umuntu angafaka isikhalazo kuMvikeli Womphakathi maqondana nesenzo esisolwayo esingekho emthethweni noma esingalungile noma ukungenzi (uMthethosisekelo kanye noMthetho Womvikeli Womphakathi wonyaka we-1994 [uMthetho wama-23 wonyaka we-1994]).

(6) Umuntu angafaka isikhalazo ku-SAHRC maqondana nesenzo esisemthethweni noma ukungenzi okusoleka ukuthi kungukwephula noma kuyingozi kunanoma yiliphi ilungelo eliyisisekelo (uMthetho Wekhomishani Yamalungelo EsiNtu wonyaka we-1994 [uMthetho wama-54 wonyaka we-1994]).

(7) Ukuze uvikeleke ekujezisweni ngenxa yokudalula okumayelana nokuziphatha okungekho emthethweni noma okungafanele komqashi noma komunye umuntu osebenza naye, umuntu okukhulunywa ngaye angalandela izinqubo zokudalula ezibekwe eMthethweni Wokudalula Okuvikelwe wonyaka we-2000 (uMthetho wama-26 wonyaka we-2000).

(8) Umuntu angasebenzisa ezinye izixazululo ezisemthethweni njengesikhungo sezinqubo zokubuyekezwa kwezomthetho kwesenzo sokuphatha ngokoMthetho Wokukhuthaza Ukuphathwa Kobulungiswa wonyaka we-2000 (uMthetho wesi-3 wonyaka we-2000).

8.2. Ezinye izixazululo ezisekelayo

(1) Umuntu angacela izizathu zesenzo sokuphatha ngokoMthetho Wokukhuthaza Ukuphathwa Kobulungiswa wonyaka we-2000 (isahluko sesi-5).

(2) Umuntu angacela ukufinyeleleka kumarekhodi omnyango kahulumeni noma olunye uhlaka lukahulumeni ngokwe-PAIA yonyaka we-2000 (isahluko se- 11).

8.3. Umsebenzi wokubika

(1) IMithetho Yokuziphatha Kwabasebenzi Bakahulumeni, eshicilelwe yiKhomishani Yezemisebenzi kahulumeni, ibeka ukuthi, uma, lapho enza umsebenzi wakhe osemthethweni, umsebenzi kahulumeni ehlangabezana nenkohliso, inkohlakalo, ukwenzelela, ukuphathwa budedengu noma esinye isenzo esenza icala noma esilimaza intshisekelo yomphakathi, ufanele abike lolo daba kuziphathimandla ezifanele. Umsebenzi ohluleka ukwenza lokho unecala lokungaziphathi kahle.

(2) Isibopho sabo bonke abaqashi nabasebenzi ukudalula ubugebengu kanye nanoma ikuphi ukuziphatha okungafanele emsebenzini naso sisekela uMthetho Wokudalula Okuvikelwe wonyak we-2000 (Isendlalelo).

9. Ukusetshenzwa Kolwazi Lomuntu Siqu

IsiQephu sesi-3 soMthetho we-POPI sihlinzekela iZimo Zokusetshenziswa Okusemthethweni Kolwazi Lomuntu Siqu yiNgxenye Ebophelezekile. Lezi zimo kungenzeka zingeke kwahluka kuzo ngaphandle uma kusebenza ukushiwa ngaphandle okuthile njengoba kuchaziwe kuMthetho we-POPI.

Ingxenye ebophelezekile ifanele iqinisekise ukuthi imibandela ebekwe kwisiQephu sesi-3 soMthetho we-POPI kanye nazo zonke izinyathelo ezenza ukuthi leyo mibandela isebenze, iyalandelwa ngesikhathi sokunqunywa kwenhloso nezindlela zokucubungula nangesikhathi sokulungiswa uqobo.

I-DBE ngaso sonke isikhathi, ngokuhlonipha isahluko ses-5 soMthetho we-POPI iqinisekisa ukuthi uLwazi Lomuntu Siqu Lesihloko Semininingo—

(a) lusetshenzwa ngokusemthethweni, ngokungenzeleli nangokusobala;
(b) lusetshenzwa kuphela ngezinhloso oluqoqelwe zona;
(c) ngeke lusetshenziselwe inhloso yesibili ngaphandle uma lokho kusetshenziswa kuhambisana nenhloso yasekuqaleni;
(d) lwanele, lufanele futhi alwedluli ngezinhloso oluqoqelwe zona;
(e) lungolufanele futhi ligcinwa lufakwa ulwazi olusha;
(f) lungeke lugcinwe isikhathi eside kunokudingekile;
(g) lusetshenzwa ngobuqotho nangokwemigomo yobumfihlo; lokhu kubandakanya izinyathelo ezibonakalayo nezenhlangano zokuqinisekisa ukuthi Ulwazi Lomuntu Siqu, olungohlobo olubonakalayo nhlobo lwendlela kagesi , lungaphansi kwezinga elifanele lokuphepha lapho lugcinwa, lusetshenziswa futhi laziswa yi-DBE, ukuze luvikelwe ekufinyelekeni nasekutholakeni kubantu abangagunyaziwe futhi nasengozini yokulahleka nokulinyazwa;
(h) lusetshenzwa ngokwamalungelo eziHloko Zemininingo.

9.1. Inhloso Yokucubungula

Ulwazi lomuntu siqu lungasetshenziselwa kuphela inhloso ethile.
I-DBE isebenzisa uLwazi Lomuntu Siqu olugcinwe yiyo ngezindlela ezilandelayo:

- Ukuphathwa kwabasebenzi;
- Ukugcinwa kwamarekhodi abafundi nabafundisi;
- Ukugcinwa kwamarekhodi abaphakeli kanye nabahlinzeka bosizo;
- Ukugcina amarekhodi alabo okusetshenziswana nabo kwezemfundo eyisisekelo;
- Ukuthobela imithetho yentela.

9.2. Izigaba zeZihloko Zemininingo kanye Nolwazi Lwazo Lomuntu Siqu

Imininingo i-DBE enofinyeleleka kuyo kukhulu. Eminingi yayo ‘ulwazi lwabantu siqu’ ngokoMthetho we-POPI. Ikakhulukazi, inombolo kamazisi wobuzwe eyi-13 yabafundi nabasebenzi, kanye namagama abo, ubulili, nosuku lokuzalwa kungatholakala kwimininingo. Iminyango yezemfundo yezifundazwe idinga ulwazi lwabantu siqu ngezinhloso zokusebenza, futhi njengomthombo wemininingo eminingi ye-DBE yeminyango yezifundazwe, kufakwa phakathi ulwazi lwabantu siqu.

NgokoMthetho Kazwelonke Wenqubomgomo Yezemfundo (i-NEPA), ukusetshenziswa kwemininingo yi-DBE kukhawulelwe ekuqapheni nasekuhloleni inqubekela phambili yokuthobela uMthethosisekelo kanye nenqubomgomo yezemfundo kazwelonke. Imininingo ingaqoqwa isuka ku-EMIS noma ezinye izindlela ezifanele, ngokubambisana neminyango yezemfundo yezifundazwe. Ukusetshenziswa kwezinombolo zomakhalekhukhwini bothisha kufanele kulinganiselwe.

Imininingo yomuntu i-DBE enayo iyadingeka, ikakhulukazi, ngezinhloso zokuhlaziya kanye nokufeza izibopho zokuqapha kwe-NEPA. Ikakhulukazi, ulwazi lomuntu siqu luyadingeka lapho imithombo ehlukene yemininingo ifanele ixhunywe. Isibonelo, uma kufanele kwenziwe uhlaziyo lokuthi abahlolwa beBanga le-12 basebenze kahle kangakanani emabangeni angaphansi kweBanga le-12, ngakho imininingo yezivivinyo zeBanga le-12 ifanele ixhunyaniswe namaqoqo eminye imininingo ethinta amabanga aphansi.

Kuvamile ukuba kudingeke ukuba kusetshenziswe izici eziningi ekuxhumaniseni imithombo yemininingo ngoba isici esisodwa sizobonisa ukulinganiselwa. Isibonelo, inombolo kamazisi enamadijithi ayi-13 ixhumanisa abafundi abaningi kuzo zonke izivivinyo zeBanga le-12 kanye namaqoqo emininingo yangaphambi kweBanga le-12, kodwa hhayi bonke, njengoba ezinye izinombolo zomazisi zingekho. Kulokhu, ukusetshenziswa kwamagama nezinsuku zokuzalwa kungasetshenziswa ukuvala igebe, kodwa futhi nokuqinisekisa ukuhlaba esikhonkosini kwenombolo kamazisi kazwelonke. Okubalulekile, umsebenzi wokuqapha okukhulunywa ngawo lapha awufaki neze ukudalulwa kolwazi lomuntu siqu emibikweni ye-DBE ekhiqizwa njengengxenye yenqubo. Imibiko izokhombisa kuphela izibalo ezingeni elihlanganisiwe elimayelana, isibonelo, namanani abafundi abashiya phakathi.

Abasebenzi Bokuphatha	Amagama; imininingwane yokuxhumana; amakheli endawo naweposi; usuku lokuzalwa; inombolo kamazisi; imininingwane ephathelene nezihlobo; ulwazi lomuntu siqu lomlingani; imininingwane ehlobene nentela; ubuzwe; ubulili; izincwadi eziyimfihlo; ukuqinisekiswa kolwazi lomfakisicelo ngesikhathi senqubo yokuqashwa; ukuqinisekiswa kolwazi oluphathelene nomsebenzi owenza umsebenzi

	ojwayelekile woMbuso engabandakanya: Imihlomulo ejwayelekile; Impesheni; Usizo Lwezokwelashwa Imiholo; Ukuqondiswa kwezigwegwe; kanye Ukuqeqeshwa;
Abafundi	Amagama; imininingwane yokuxhumana; amakheli endawo naweposi; usuku lokuzalwa; inombolo kamazisi; imininingwane ephathelene nezihlobo; ubuzwe; ubulili; izincwadi eziyimfihlo
Abafundisi;	Amagama; imininingwane yokuxhumana; amakheli endawo naweposi; usuku lokuzalwa; inombolo kamazisi; imininingwane ephathelene nentela; imininingwane ephathelene nezihlobo; ulwazi lomuntu siqu lomlingani;ubuzwe; ubulili; izincwadi eziyimfihlo; ukuqinisekiswa kolwazi lomfakisicelo ngesikhathi senqubo yokuqashwa; ukuqinisekiswa kolwazi oluphathelene nomsebenzi owenza umsebenzi ojwayelekile woMbuso; imidanti jikelele yabasebenzi ingabandakanya: Imihlomulo ejwayelekile; Impesheni; Usizo Lwezokwelashwa Imiholo; Ukuqondiswa kwezigwegwe; kanye ukuqeqeshwa;
Okusetshenziswana nabo	Amagama; imininingwane yokuxhumana; igama lenhlangano; ikheli lenhlangano lendawo neleposi; izincwadi eziyimfihlo
Abahlinzeki Bosizo	Amagama; imininingwane yokuxhumana; igama lenhlangano; ikheli lenhlangano neleposi; izincwadi eziyimfihlo; imininingwane ehlobene nentela

	Ukuqinisekisa imininingwane nokwenza ireferensi kanye nokunye ukuhlola okubekiwe; izinhloso eziphathelene nesivumelwano noma ubudlelwane bebhizinisi noma isivumelwano esingahle sibe khona noma ubudlelwane bebhizinisi obuphakathi kwezinhlangano; ukukhokhelwa kwama-invoysi; ukuthobela ukulawula koMnyango nezinye izibopho.
Abazali babafundi	Amagama; imininingwane yokuxhumana; ikheli lendawo neleposi; inombolo kamazisi; imininingwane ehlobene nentela; ulwazi lomuntu siqu lomlingani; imininingwane yezimali; ubuzwe; ubulili; izincwadi eziyimfihlo

9.3. Izigaba Zabamukeli Bokucubungulwa kolwazi Lomuntu Siqu

Umnyango ugcine ulwazi egameni loMbuso futhi ngakho-ke awunikezani ngolwazi lomuntu siqu kunoma iyiphi inhlangano noma umgwamanda ngaphandle komunye umnyango noma isikhungo soMbuso. Ulwazi oluthile lomuntu siqu, kodwa-ke, lunganikezwa kulabo abemukela imininingwane elandelayo:

(a) Iziphathimandla ezilawulayo noma abalamuli kanye nezinhlaka zikahulumeni lapho i-DBE inesibopho esisemthethweni sokwabelana ngolwazi;
(b) izingxenye zesithathu ezikhokhelwayo egameni le-DBE kanye nabasebenzi; kanye
(c) nezikhungo ezibhekele ukugcinwa komthetho.

9.4. Ukuhamba Okuhleliwe Okunqamula Imingcele Kolwazi Lomuntu Siqu

Isahluko sama72 soMthetho we-POPI sihlinzekela ukuthi uLwazi Lomuntu Siqu lungadluliswa kuphela luphuma eRiphabhuliki yaseNingizimu Afrika uma—

(a) izwe elulamukelayo linganikeza ngemininingo enjengalena “iizinga elanele” lokuvikelwa. Lokhu kusho ukuthi imithetho yalo yobumfihlo bemininingo ifanele ifane kakhulu neMibandela Yokusetshenziswa Okusemthethweni njengoba ichaziwe kwisiQephu sesi-3 soMthetho we-POPI; noma
(b) Isihloko Somniningo sivuma ukudluliswa koLwazi Lomuntu Siqu lwabo; noma
(c) ukudlulisa kuyadingeka ukuze kwenziwe isibopho sesivumelwano esiphakathi kwesiHloko Somniningo Neqembu Elithintekayo; noma
(d) ukudluliswa kuyadingeka ukuze kwenziwe isibopho sesivumelwano esiphakathi kweQembu Elithintekayo nengxenye yesithathu, ukuze kuzuze isiHloko Semininingo; noma
(e) ukudluliswa kwenzelwa isiHloko Semininingo, futhi kungeke kwenzeke ngokufanelekile ukuthola imvume yesiHloko Somniningo, futhi uma bekungukuthi, isiHloko Somniningo, kungenzeka ukuthi anikeze leyo mvume.

Njengamanje, i-DBE ayinakho ukugeleza okuhleliwe koLwazi Lomuntu Siqu Okuphakathi kwemingcele.

9.5. Izindlela Zokuvikela Ulwazi (isahluko se-19 soMthetho wePOPI)

I-DBE ivikele ukwethembeka nobumfihlo bolwazi lomuntu siqu olugcinwe yiyo noma olungaphansi kolwalo lwayo ngokuthatha izinyathelo ezifanele, ezifanelekile zobuchwepheshe nenhlangano ukuvimbela ukulahleka, noma ukulinyazwa, noma ukubhujiswa okungagunyaziwe, ukufinyelela okungekho emthethwenikolwazi lomuntu siqu.

I-DBE ibeke imithetho yokuphepha ukuvikela ulwazi lomuntu siqu ukuba lufinyeleleke ngokungemthetho. UMnyango ubheke ukwenziwa ngcono kweZinyathelo Zokuphepha Kolwazi ngale ndlela elandelayo:

(a) Ngokuqinisekisa ukuthi ukuhlukaniswa kolwazi okulungile kuyarekhodwa njengoba imininingo yabasebenzi izobekwa ‘njengolwazi lomuntu siqu’ noma ‘ulwazi lomuntu siqu olukhethekile’;
(b) ukuqinisekisa ukuthi imithetho yokuphepha iyathuthukiswa ukuvikela ukufinyeleleka okungagunyaziwe olwazini ngokusebenzisa izindlela zokuphepha zamakhompiyutha nezenethiwekhi njengamaphasiwedi, ukusetshenziswa kwezivimbeli, ukufaka ukuvikelwa kwama-antivirus, ukuqinisekisa ukuvikelwa kwemininigo ngokukhodwa kwemininingo nokwabiwa kabusha kolwazi lomuntu siqu, ukuvikela ama-laptop namakhompyutha ngamaphasiwedi noma ngezithupha zebhayomethrikhi nokuvikela i-Virtual Private Network (i-VPN);
(c) imithetho eyazisa abasebenzi noma abanye abantu lapho ulwazi siqu lwabo lusengozini, noma lapho kube khona ukwephulwa kobumfihlo maqondana nolwazi lomuntu siqu othintekayo; futhi
(d) ngokuqinisekisa ukuthi imithetho yokuphepha eqinile iyamukelwa ukuvimbela ukufinyeleleka kwezingxenye zesithathu, endaweni yehhovisi, kwinethiwekhi yamakhompiyutha, ohlelweni, kwi-software yohlelo lokusebenza, kwimininingo noma ezinye insiza.

9.6. Ukudalulwa Kolwazi Lomuntu Siqu

I-DBE ingadalula ulwazi lomuntu siqu kweminye iminyango kahulumeni, kwizinhlaka zikahulumeni kanye nabahlinzeki bosizo abangaphandle be-DBE. I-DBE nayo ingadalula ulwazi lomuntu siqu lapho kunomsebenzi noma ilungelo lokudalula ngokweqoqomthetho elisebenzayo, umthetho, noma lapho kungathathwa khona ukuthi kunesidingo ukuze kuvikelwe amalungelo e-DBE.

I-DBE ihlala ibandakanyeka ezenzweni lapho imininingo ye-DBE ixhunyaniswa neminye imininingo kahulumeni ngenhloso yokuqinisekisa ikhwalithi yemininingo nokuqapha. Isibonelo, i-DBE ne-Ejensi Yezenhlakahle yaseNingizimu Afrika (i-SASSA) bayasebenzisana, besebenzisa imikhakha eyahlukahlukene yolwazi lomuntu siqu, ukuthola ukuthi ingabe abamukeli bezibonelelo zenhlalakahle abaseminyakeni yobudala yokuya esikoleni bayaya yini esikoleni. Ukuxhumanisa, ngokubambisana noMnyango Wezemfundo Ephakeme (i-DHET), amarekhodi abafundi ababebhalise ezikoleni phambilini kulawo abafundi bamanje abasezikhungweni ezilandela ukuphuma esikoleni kubalulekile ekuqondeni ukugeleza okuphakathi kwalezi zigaba ezimbili zemfundo.

10. Amalungelo Ezihloko Zemininingo

10.1. Ilungelo lokufinyeleleka kolwazo lomuntu siqu (isahluko sama-23 soMthetho we-POPI)

I-DBE iyavuma ukuthi isiHloko Semininingo unelungelo lokuthola ukuthi ngabe i-DBE igcine ulwazi lomuntu siqu oluphathelene naye, noma yona, kubandakanya ilungelo lokucela ukufinyeleleka kolwazi lomuntu siqu.

10.2. Ilungelo lokuthi ulwazi lomuntu siqu lilungiswe noma lucishwe (isahluko sama-24 soMthetho we-POPI)

IsiHloko Semininingo sinelungelo lokucela, lapho kunesidingo khona, ukuthi ulwazi lomuntu siqu lwakhe noma lwayo lufanele lilungiswe noma lususwe lapho i-DBE ingasavunyelwe ukugcina ulwazi lomuntu siqu.

10.3. Ilungelo lokuphikisa ukusetshenzwa kolwazi lomuntu siqu

IsiHloko Semininingo sinelungelo, ngezizathu ezizwakalayo, zokuphikisa ukusetshenziswa kolwazi lomuntu siqu lwakhe. Esimweni esinjengalesi, i-DBE izobheka ngokufanele isicelo kanye nezidingo zoMthetho we-POPI.

10.4. Ilungelo lokuphikisa intengiso eqondile

IsiHloko Semininingo sinelungelo lokuphikisana ukusetshenziswa kolwazi lakhe lomuntu siqu ezinqutsheni zentengiso ngqo ngokusebenzisa ukuxhumana ngogesi okungacelwanga.

10.5. Ilungelo lokwaziswa (isahluko se-18 nesama-22 soMthetho we-POPI)

IsiHloko Semininingo unelungelo lokwaziswa ukuthi ulwazi siqu lwakhe luqoqwe yi-DBE. IsiHloko Semininingo sinelungelo futhi lokwaziswa nganoma yisiphi isimo lapho i-DBE inezizathu ezizwakalayo zokukholelwa ukuthi iulwazi lomuntu siqu lwesiHloko Semininingo lufinyelelwe noma latholwa ngumuntu ongagunyaziwe.

10.6. Ilungelo lokukhalaza kuMlawuli Wolwazi

IsiHloko Semininingwane sinelungelo lokuletha isikhalazo kuMlawuli Wezolwazi maqondana nezinsolo zokwephulwa kwanoma yimaphi amalungelo avikelwe ngaphansi koMthetho we-POPI.

11. Ukufakwa kolwazi olusha kumanuwali

Ngokwesahluko se-14(2) se-PAIA, le Manuwali ifanele, lapho kudingeka khona, ivuselelwe minyaka yonke futhi ifanele itholakale njengoba kuhlongozwe esahlukweni se-14(2) se-PAIA, kubandakanya nokuyifaka kuwebhusayithi esemthethweni yoMnyango ku-https://www.education.gov.za nokwenza ukuthi amakhophi eManuwali atholakale uma ecelwa kuMgcinilwazi, kwimininingwane yokuxhumana enikezwe esigabeni sesi-4 ngenhla.

12. Ukutholakala kwemanuwali

Uma kudingeka amanye amakhophi ale manuwali, angatholwa kuwebhusayithi ye-DBE.

Yamukelwe ngalolu suku lomhla zi- 29 luka October we-2021.

_____

UMNU HM MWELI
UMQONDISI JIKELELE/UMGCINILWAZI
UMNYANGO WEZEMFUNDO EYISISEKELO

ISIXHUMELO A

Izimali Ezikhokhwayo Ezimisiwe

Lezi zimali zibalulwe eNgxenyeni II yesiXhumelo A kuZimiso Ezimayelana noKukhuthazwa Kokufinyeleleka Kolwazi (okushicilelwe ngaphansi kwe-GN R187 ku-GG 23119 yomhla zi-15 Febhuwari 2002).

1. Imali yekopi yemanuwali njengoba icatshangwa kusimiso sesi-5(c) ngama-R0,60 onke amakopi afothokopiwe obukhulu bekhasi bungu-A4 noma ingxenye ngokunjalo.

2. Isahluko se-15(3) soMthetho sibeka ukuthi: "Imali ekhokhwayo kuphela (uma ikhona) yokufinyeleleka kwirekhodi ... imali ebekiwe yokukhiqiza kabusha." Lezi zimali zokukhiqiza kabusha zimi kanje:
   (a) Onke amafothokopi obukhulu bekhasi bungu-A4 noma ingxenye ngokunjalo: ama-R0,60
   (b) Onke amakopi agayiwe obukhulu bekhasi bungu-A4 noma ingxenye agcinwe kwikhompyutha noma ngendlela kagesi noma ngohlobo olufundeka ngomshini: ama-R0,40
   (c) Onke amakopi ohlobo olufundeka ngekhompyutha ku—
      (i) isitifi diskhi ama-R5,00
      (ii) ikhompekhthi diskhi ama-R40,00
   (d) (i)okubhaliwe phansi kwemifanekiso ebukwayo, yobukhulu bekhasi obungu-A4 noma ingxe
      (iii) Ikopi emifanekiso ebukwayo ama-R60,00
   (e) (i) okubhalwe phansi kwemisindo erekhodiwe, yobukhulu bekhasi obungu-A4 noma ingxenye
      (iii) Ikopi yemisindo erekhodiwe ama-R17,00

3. Imali yesicelo ekhokhwa yiwo wonke umfakisicelo, ngaphandle koMuntu Ozicelela Yena Ulwazi, okukhulunywe ngayo kusimiso sesi-7(2) ama-R35,00

4. Izimali zokufinyeleleka ezikhokhwa ngumfakisicelo okukhulunywe ngazo kuSimiso sesi-7(3) zinjengoba zilandela
   (1) (a)Onke amafothokopi obukhulu bekhasi bungu-A4 noma ingxenye ngokunjalo ama-R0,60
      (b) Onke amakopi agayiwe obukhulu bekhasi bungu-A4 noma ingxenye agcinwe kwikhompyutha noma ngendlela kagesi noma ngohlobo olufundeka ngomshiniama-R0,40
      (c) Onke amakopi ohlobo olufundeka ngekhompyutha ku—
         (i) isitifi diskhi ama-R5,00
         (ii) ikhompekhthi diskhi ama-R40,00
      (d) (i) Okubhalwe phansi kwemifanekiso ebukwayo, yobukhulu bekhasi obungu-A4 noma ingxenye ngokunjalo ngokunjalo ama-R22,00
         (ii) Ikopi emifanekiso ebukwayo ama-R60,00
      (e) (i) okubhalwe phansi kwemisindo erekhodiwe, yobukhulu bekhasi obungu-A4 noma ingxenye ngokunjalo ama-R12,00
         (ii) Ikopi yemisindo erekhodiwe ama-R17,00
      (f) Ukucinga nokulungiselela ukuba irekhodi lidalulwe, ama-R15,00 ihora ngalinye noma ingxenye yehora, kushiya ngaphandle ihora lokuqala,elidingekayo ngemfanelo ngokucinga nokulungisa okunjengalokhu.
   (2) Ukwenzela izinhloso zeSahluko sama-22(2) soMthetho, okulandelayo kuyasetshenziswa:
      (a) Amahora ayisithupha njengamahora azodlulwa ngaphambu kokuba kukhokhwe idiphozi; futhi
      (b) Okukodwa kwesithathu semali yokufinyeleleka okukhokhwa njengediphozi ngumfakisicelo.

(3) Imali yokuposa okuyiyona ekhokhwayo uma ikopi yekhodi kufanele ithunyelwe ngeposi kumfaksicelo.

ISIXHUMELO B

basic education
Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

UFOMU A
ISICELO SOKUFINYELELEKA KWIREKHODI LOHLAKA LUKAHULUMENI

[Sishicilelwe ku-GN R187 kwi-GG 23119 yomhla zi-15 Febhuwari 2002, ngokweSahluko se-18(1) soMthetho Wokukhuthaza Ukufinyeleleka Kolwazi wonyaka we-2000 (uMthetho wesi-2 wonyaka we-2000).]

LENGXENYE ISETSHENZISWA NGUMNYANGO: **Inombolo yereferensi:**
_____

Isicelo samukelwe ngu-_____ (shono isikhundla ngokomsebenzi, igama nesibongo soMgcinilwazi noma sikaSekela-Mgcinilwazi) e-/o-_____ (indawo) mhla zi- _____ (usuku).

Imali yesicelo (uma ikhona): ama-R .....

Idiphozi (uma ikhona): ama-R .....

Imali yokufinyeleleka: ama-R .....

_____
UMGCINILWAZI NOMA USEKELA-MGCINILWAZI (isiginesha)

A. Imininingwane yohlaka lukahulumeni

USekela-Mgcinilwazi
UMnyango Wezemfundo Eyisisekelo
Private Bag X895
Pretoria
0001

Ucingo: 012 357 3769/4151
Ifeksi: 012 323 9430
I-imeyili: PAIA-DIO@dbe.gov.za

B. Imininingwane yomuntu ofaka isicelo sokufinyeleleka kwirekhodi

Amanothi

(a) Imininingwane yomuntu ocela ukufinyeleleka kwirekhodi ifanele iqoshwe ngezansi.

(b) Nikeza ikheli futhi/noma inombolo yefeksi yaseRiphabhlikhi lapho kufanele ulwazi luthunyelwe khona.

(c) Ubufakazi besikhundla isicelo esenziwa ngaso, uma bukhona, bufanele bufakwe.

Amagama aphelele nesibongo:
……..
.....

Inombolo kamazisi/ye-ID:

……
.....

Ikheli leposi:

……
.....

Inombolo yefeksi:

……
.....

Inombolo yocingo:

……
.....

Inombolo yefeksi:

……
.....

Ikheli le-imeyili:

……
.....

Isikhundla sokuthi isicelo senziwa njengobani, uma senzelwa omunye umuntu:

.....

.....

C. Imininingwane yomuntu ofakelwa isicelo

Qhaphela
Lesi sahluko sifanele sigcwaliswe kuphela uma umfakisicelo esifakela omunye umuntu.

Amagama aphelele nesibongo:

……

.....

Inombolo kamazisi/ye-ID:

……

.....

D. Imininingwane yerekhodi

Amanothi
(a) Nikeza ngemininingwane ephelele yerekhodi okucelwa ukufinyeleleka kulo, kumbandakanya inombolo yerefrensi uma uyazi, ukwenzela ukuthi litholakale irekhodi.
(b) Uma isikhala osinikiwe sisincane, sicela uqhubeke ekhasini eliseceleni bese ulinamathisela kuleli fomu. Umfakisicelo kufanele asayinde onke amaphepha angeziwe.

1. Ukuchazwa kwerekhodi noma izingxenye ezifanele zerekhodi:
……

2. Inombolo yereferensi, uma ikhona:
……

3. Nanoma ngabe imiphi eminye imininingwane yerekhodi:
……

.....

E. Izimali ezikhokhwayo

Amanothi
(a) Isicelo sokufinyeleleka kwirekhodi, ngaphandle kwerekhodi eliphethe ulwazi ngaloyo muntu ngqo, sizosetshenzwa kuphela ngemuva kokuba imali ysicelo isikhokhiwe

(b) Uzokwaziswa ngemali edingeka ukuba ikhokhwe njengemali yesicelo.
(c) Imali ekhokhwayo yokufinyelelka kwirekhodi ilele ohlotsheni ukufinyeleleka okudingeka ngalo futhi nasesikhathini esidingekayo esifanele ukucinga nokulungisa irekhodi.
(d) Uma ufaneleka ukuba udedelwa ukuba ukhokhe nanoma ngabe iyiphi imali ekhokhwayo, sicela usho isizathu sokudedelwa.

Isizathu sokudedelwa ukuba ukhokhe izimali:

……

……

F. Uhlobo lokufinyeleleka kwirekhodi

Qhaphela
Uma uvinjwe ukuba nokukhubazeka ukuba ufunde, ubukeze noma ulalele irekhodi ngohlobo ukufinyeleleka okuhlinzekwe ngalo ku-1 ukuya ku-4 ngezansi, shono ukukhubazeka kwakho futhi usho uhlobo irekhodi elidingeka ngalo.

Shono ukukhubazeka:

……

Amanothi
(a) Ukusho kwakho uhlobo uhlobo ukufinyeleleka kulele ohlotsheni irekhodi elitholakala ngalo.
(b) Ukufinyeleleka ngohlobo oluceliwe kunganqathswa ezimweni ezithile. Ezimweni ezifana nalezi uzokwaziswa uma ukufinyeleleka kuzotholakala ngolunye uhlobo.
(c) Imali ekhokhwayo yokufinyeleleka kwirekhodi, uma ikhona, izonqunywa kancane nguhlobo lokufinyeleleka oluceliwe.

Faka uphawu u-"X" ebhokisini elifanele.

1. Uma irekhodi linguhlobo olubhaliwe noma olugayiwe –

	ikopi yerekhodi*		ukuhlolwa kwerekhodi

2. Uma irekhodi lakhiwe yizinto ezibukwayo –

(lokhu kubandakanya izithombe, amaslayidi,, okurekhodiwe kwevido, imifanekiso eyakhiwe ngekhopyutha, imidwebo, njll.)

	ukubuka imifanekiso		ikopi yezithombe*		ukubhala ngezithombe*

3. **Uma irekhodi lakhiwe amagama noma ulwazi olungakhiqizwa futhi ngomsindo –**

	Ukulalela umsindo oqoshiwe (ikhasethi lomsindo)		umbhalo womsindo oqoshiwe* (umbhalo obhaliwe noma ogayiwe)

4. **Uma irekhodi ligcinwe kwikhompyutha noma ngohlobo olufundeka ngomshini –**

	ikopi egayiwe yerekhodi*		ikopi egayiwe yolwazi olususelwa kwirekhodi*		ikopi ngohlobo olufundeka ngekhompyutha* (istifi noma ikhompekhthi diskhi)

*Uma ucele ikopi noma umbhalo werekhodi elilalelwayo (elingenhla), ingabe uthanda ukuba ikopi noma umbhalo werekhodi elilalelwayo uposelwe kuwe? **Imali yokuposa iyakhokhwa.**	**YEBO**	**CHA**

Yiluphi ulimi ongathanda ukuthola ngalo irekhodi?

……

(Qaphela ukuthi uma irekhodi lingatholakali ngolimi oluthandayo, ukufinyeleleka kungatholakala ngolimi irekhodi elitholakala ngalo.)

G. Isaziso ngesinqumo mayelana nesicelo sokufinyeleleka

Uzokwaziswa ngokubhaliwe ngesinqumo ukuthi isicelo sakho sivunyiwe noma senqatshiwe. Uma ufisa ukwaziswa ngenye indlela, sicela uyisho leyo ndlela futhi uhlinzeke ngemininingwane edingekayo ukwenzela ukuhlonishwa kwesicelo sakho.

Ungathanda ukwaziswa kanjani ngesinqumo mayelana nesicelo sakho sokufinyeleleka kwirekhodi?

.....

.....

.....

Isayindwe e-/o- ……..... (indawo) ngomhla zi-..... suku ku- …….. (inyanga) …… (unyaka) …..... .

_____

IMININGWANE YOMFAKISICELO
Noma IMININGWANE YOMUNTU OFAKELWA ISICELO

ISIXHUMELO C:

REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

FORM B
NOTICE OF INTERNAL APPEAL
(Section 75 of the Promotion of Access to Information Act, 2000 (Act No. 2 of 2000))
[Regulation 8]

A. Imininingwane yohlaka lukahulumeni

UMgcinilwazi noma uSekela-Mgcinilwazi.
UMnyango Wezemfundo Eyisisekelo
Private Bag X895
Pretoria
0001

Ucingo: 012 357 3769/4151
Ifeksi: 012 323 9430
I-imeyili: PAIA-IO@dbe.gov.za; PAIA-DIO@dbe.gov.za

B. Imininingwane yomuntu ofaka isikhalazo sangaphakathi

Uma ikhona, ubufakazi bokuthi sifakwa njengobani isikhalazo ngokwesikhundla bufanele bufakwe.
Uma okhalazo eyingxenye yesiyhathu (umuntu okunguyena yena ofake isicelo sokufinyeleleka kolwazi), imininingwane yomfakisicelo ifanele inikezwe ku-C ngezansi.

Amagama aphelele nesibongo:
.....

.....

Inombolo kamazisi/ye-ID:
.....

.....

Ikheli leposi:
.....

.....

Inombolo yocingo: ..... Inombolo yefeksi:

.....

Ikheli le-imeyili:
.....

Isikhundla sokuthi isicelo senziwa njengobani, uma senzelwa omunye umuntu:

.....

C. Imininingwane yomfakisicelo [Le ngxenye igcwaliswa KUPHELA uma ingxenye yesithathu,

hhayi umfakisicelo, efaka isikhalazo.]

Amagama aphelele nesibongo:

.....

Inombolo kamazisi/ye-ID:

.....

D. Isinqumo esifakelwa isikhalazo [Faka umaka u-X eceleni kokukhethwa kukho okufanele.]

	Ukunqaba isicelo sokufinyeleleka.
	Isinqumo mayelana nezimali ezimisiwe ngokwesahluko sama-22 soMthetho.
	Isinqumo mayelana nokwelulwa kwesikhathi isicelo okufanele sisetshenzwe ngaso ngokwessahluko sama-26(1) soMthetho.
	Isinqumo ngokwesahluko sama-29(3) soMthetho sokunqaba ukufinyeleleka ngohlobo oluceliwe.
	Isinqumo sokuvuma isicelo sokufinyeleleka.

E. (1) Shono izizathu ukukhalaza okususelwa kuzo. [Uma isikhala osinikiwe sisincane, sicela uqhubekele kwelinye ikhasi bese ulinamathisela kuleli fomu. Ikhasi ngalinye olufakile lifanele lisayindewe.]

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

(2) Shono nanoma yiluphi olunye ulwazi olungafaneleka ekucutshungulweni kwesikhalazo:

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

F. Ukwazisa ngesinqumo [Uzokwaziswa ngokubhaliwe phansi ngesinqumo sokukhalaza kwakho kwangaphakathi. Uma ufisa ukwaziswa ngenye indlela, sicela uyisho leyo ndlela futhi uhlinzeke ngemininingwane eedingekayo.]

Indlela: Ucingo ☐ I-imeyili ☐ Ifeksi ☐

Imininingwane:

.....

.....

Isayindwe e-/o- ..... (indawo) ngomhla zi-..... ka- ..... (inyanga) ..... (unyaka).

_____

ISIGINESHA YOKHALAZAYO